## Ukudlula emhlabeni kowayenguNgqongqoshe u-Pravin Gordhan, Inxusa Elisebenzele uHulumeni ngesibindi

**Tshwane, 13 kuMandulo 2024** - Namuhla usuku oludabukisayo ngokudlula emhlabeni kowayenguNgqongqoshe u-Pravin Gordhan, owayaziwa ngesiteketiso esithi "u-PG" kwabaningi bethu, umholi omangalisayo obe negalelo oPhikweni Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) nasezweni lethu uzokhunjulwa yizizukulwane ezizayo.

"*Igalelo lika-Pravin Gordhan izigidi zabantu eNingizimu Afrika bangase bangaliqondi futhi balithakasele kahle. Kulabo bethu ababe nethuba lokusebenza eduze naye, sakwazi ukumazi kahle, kumele ukuthi sathola ukumazi ukuthi uyindoda ezinikele ekubeni negalelo ekuguquleni izinga lempilo yabantu baseNingizimu Afrika,*" lokhu kwashiwo uKhomishana uEd Kieswetter mhla kwakuqokwa u-Pravin Gordhan njengoNgqongqoshe wezeziMali kunyaka wezi-2009.

NjengoKhomishana wakwa-SARS kusukela kowe-1999 kuya kowezi–2009, kwakungu-PG owangenisa wasabalalisa umbono othi u-SARS ukhona ukuze wenze umSebenzi ngokoBizo wokwenza uhulumeni akwazi ukwakha umbuso okhonayo okhuthaza ukukhula komnotho okuzinzile nentuthuko kunhlalakahle okusebenzela inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika. Kwakunguye owabeka isikhungo endleleni okuyiyo eqondisa nesikhuthazayo namuhla futhi esazoqhubeka iminyaka emininingi ezayo. U-PG nguye, ngokungangabazeki, owaba nomqondo waphinde wakha isisekelo sokulawula ukuLawulwa Kwempahla Emngceleni nokuSebenza ngeNtela ngendlela yesimanje (i-Modern Tax and Customs Administration).

Ubuholi nokuzinikela okunganyakaziseki kuka-Pravin Gordhan ekusebenzeleni uhulumeni kushiye isikhala esikhulu esimweni sezomnotho waseNingizimu Afrika. Njengomuntu osemqoka kwa-SARS, waba yingqwele ekusungulweni kwezinqubomgomo nezinguquko eziqinise isikhungo, wasiguqulela esikhungweni esihlonishwa emhlabeni wonke lomsebenzi wokuqoqwa kwemalingeniso. Isikhathi sakhe sabonakala ngokuzinikela okungajiki ekubeni nesithunzi, ukubusa kahle, kanye nokuba nesibophokubika, eqinisekisa ukuthi u-SARS waba yinsika yesimo esihle sezimali zikahulumeni.

Ngale komsebenzi wakhe obonakalayo kwa-SARS, wasebenza kahle kakhulu ezindimeni zobuholi, kubandakanya ukuba uNgqongqoshe wezeziMali, uNgqongqoshe wokuBusa NgokuBambisana neziNdaba Zomdabu kanye noNgqongqoshe wezamaBhizinisi kaHulumeni, lapho isibindi nombono wakhe kwaqondisa izwe ezikhathini ezinzima. Ukuzinikela kwakhe isikhathi eside ekwakheni umphakathi onobulungiswa ngoba bonke bazoqhubeka ikhuthaze izizukulwane ezizayo zezisebenzi zikahulumeni nabaholi.

"*Ngizomkhumbula njengesishoshovu esinikele impilo yaso ekulweni nasekuthuthukiseni isimo sabantu baseNingizimu Afrika ngezikhathi lapho sasibanjwe*

*isikhathi sokuqhwagwa kwamandla ombuso, kwakungu-PG owamela ngesibindi ubulungiswa nokulingana*. *Wakhuluma ngesibindi ngokukholelwa kwakhe futhi azange abale ukuthi kuzomfaka ezindlekweni ezingakanani yena nomndeni wakhe*." kusho uKhomishana u-Kieswetter.

Sikhalela ukulahlekelwa umthandi wezwe, isishoshovu nomholi. U-PG wayeyiqhawe lesikhathi eside lomzabalazo owabekana eziqwini zamehlo nesikhathi sobandlululo wangaguqa, emphakathini nasezindaweni ezifihlekile. Emva kuka-1990 waba ngusohlalo kahulumeni woguquko futhi waba yingxenye yezingxoxo ze-CODESA. Umsebenzi wakhe uzoqhubeka uqondise uSARS neNingizimu Afrika endleleni yabo yokulwela ukubusa okunokuziphatha kanye nobulungiswa kwezomnotho.

Siyazwelana kakhulu nonkosikazi wakhe u-Vanitha namadodakazi akhe u-Anisha no-Priyesha, umndeni wakhe wonke nabangani ababone uthando nobungani bakhe, nabo bonke abantu izimpilo zabo azithinta ngobuholi bakhe nokusebenza kwakhe ngokuzinikela kuhulumeni.

Abantu baseNingizimu Afrika bayohlala bebonga ukuzidela kwakhe nokusebenza isikhathi eside. U-Pravin Gordhan ubelokhu eyiqhawe lobulungiswa kwaze kwaba sekugcineni. Sengathi umphefumulo wakhe ungaphumula ngokuthula.

"*Siyabonga, Pravin, hamba kahle*!"

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za